**THUTA AMALAHLE TRANSPORT AND CONSTRUCTION (PTY) LTD: IMAYINI YAMALAHLE YASE-DA-MA**

**ISICELO ESISHA SELAYISENSI YOKUSETSHENZISWA KWAMANZI**

## 1. ISETHULO

IMayini Yamalahle yaseDa-ma iyimayini yamalahle esebenzayo eseduze nedolobha lase-Utrecht, KwaZulu Natal. I-Thuta Amalahle ineLayisensi Yokusetshenziswa Kwamanzi Ehlangene, egunyaziwe (Integrated Water Use License (IWUL), iNo. Yelayisensi 12/V32B/CGIJ/5098, ekhishwe ngokwemigomo yoMthetho Wamanzi Kazwelonke, uMthetho 36 ka-1998 (NWA) wokusetshenziswa kwamanzi okuhlobene nokusebenza kwamanje ezindaweni zokumba azivulekile, nokwangaphansi komhlaba esikhathini esizayo.

Ngesikhathi sokufaka iSicelo Selayisensi Yokusetshenziswa Kwamanzi okokuqala (IWULA) ukumba ezindaweni ezivulekile kwase kuphelile engxenyeni enkulu yako futhi kwakuqondwa ukuthi imisebenzi yokumba esikhathini esizayo yayizokwenziwa ngezindlela zokumba ngaphansi komhlaba kuphela. Kodwa-ke, ngemva kokwenziwa kocwaningo okwengeziwe uhlelo lokumba luye lwabukezwa futhi kuye kwahlonzwa izindawo ezivulekile ezengeziwe okungambiwa kuzo. Ngenxa yalokho kuzodingeka ilayisensi entsha yokusetshenziswa kwamanzi ngenjongo yokusetshenziswa kwamanzi okuhlobene nezindawo ezivulekile ezengeziwe.

I-Cabanga ikhethwe ukuba ibe yiSazi Sokuhlaziywa Kwezemvelo esizimele (Environmental Assessment Practitioner (EAP)) ukuba igcwalise isicelo selayisensi yokusetshenziswa kwamanzi neNqubo Yokubamba Komphakathi Iqhaza (Public Participation Process (PPP)) ehlobene naso.

IGunya Elifanele leSicelo uMnyango Wamanzi Nodoti (Department of Water and Sanitation (DWS)).

## 2. INJONGO YALE DOKHUMENTI

Le dokhumenti (iDokhumenti Yolwazi (Background Information Document noma i-"BID")) ihlanganiselwe ukuba ihlinzeke wena, njengoMuntu Oneqhaza futhi Othintekile (Interested and Affected Party (I&AP)), ngolwazi ngephrojekthi ehlongozwayo nangenqubo yokufaka isicelo selayisensi yokusetshenziswa kwamanzi ehlobene naso.

Ngalokhu ucelwa ukuba ubambe iqhaza ngokukhululekile futhi uthumele noma yimiphi imibuzo noma ulwazi onomuzwa wokuthi lungaba neqhaza kule nqubo.

Sicela ukuba ugcwalise iphephambuzo elifakwe lapha ukuze urejiste njenge-I&AP, bese ulibuyisela kithi ngefeksi noma nge-imeyili.

INo. Yefeksi: 011 794 6946

i-imeyili: michelle@cabangaenvironmental.co.za

Noma-ke ungarejista njenge-I&AP ku-inthanethi ku- www.cabangaenvironmental.co.za/public-documents

## 3. UHLOLOJIKELELE LWEPHROJEKTHI

**Izimbiwa:** Amalahle

**Isimo Sephrojekthi:** I-Brownfields – lena imayini esebenzayo. Isicelo siphathelene nokusetshenziswa okwengeziwe kwamanzi okuhlobene nezindawo ezivulekile ezengeziwe.

**Indlela Yokumba:** Ukusetshenziswa kwamaloli namahalavu endaweni evulekile; nokusetshenziswa kwezingodo namabhodi ngaphansi komhlaba bese ekhishwa lapho sekuqediwe.

**Isikhathi Sokumba Imayini:** Isiyonke iminyaka yokumba imayini ingu-14 - 20. Isikhathi sokumba ezindaweni ezivulekile okuhlongozwayo (Imigodi 1, 2 no-3) kulinganiselwa eminyakeni engu-3.

IMayini Yamalahle yase-Da-ma iyimayini yamalahle esebenzayo ephakathi kwedolobha lase-Utrecht, elingu-13.5km ukusuka eningizimu Mpumalanga yemayini, nelase-Newcastle, elingu-32.5km ukusuka eningizimu ntshonalanga yemayini, KwaZulu Natal, eNingizmu Afrika (iPulani 1).

Indawo yokumba ihlanganisa ibanga elingu-1,844.68 Ha, elifika epulazini i-Leeuwfontein 94 HT (izingxenye 1, 2, 8 no-9) ne-Welgevonden 93 HT (ingxenye 1).

Indawo yokumba yamanje evulekile nengqalasizinda ithatha okungaba ngu-27 Ha, kanti izindawo ezintsha zokumba ezivulekile ezihlongozwayo zingaba yindawo engu-35 Ha. Izindawo ezintsha zokumba ezivulekile zizombiwa

njengemigodi emithathu ehlukene (Imigodi 1, 2 no-3), bheka iPulani 2.

Ingalasizinda elandelayo ewusizo yakhelwa esikhungweni futhi izoqhubeka isetshenziswa, lapho kusebenza khona.

- Imigwaqo yasemayini nendlela yokuyifinyelela;
- Ukulawula ezokuphepha nokungena;
- Indawo yokuphatha kubandakanya namahhovisi, amathoyilethi, izitolo, amashabhu, izindawo zikadizili namafutha, indawo yokupaka, nendawo yamabhethri;
- Inqolobane nesigandayo esihambayo nokokuhlukanisa umkhiqizo;
- Indawo yokukala umthwalo;
- Umhlabathi ongaphezulu namadwala; kanye
- Nezindawo zokuphathwa kwamanzi.

Ingqalasizinda / imisebenzi eyengeziwe ehlobene nezindawo ezintsha zokumba ezivulekile izobandakanya:

- Imigwaqo yokungena;
- Ukulawula ezokuphepha nokungena;
- Igceke losonkontileka;
- Umhlabathi ongaphezulu namadwala; kanye
- Nezindawo zokuphathwa kwamanzi.

Njengamanje iMayini Yamalahle yase-Da-ma iqashe abantu abangu-128. Kulindelwe ukuthi ukwenezelwa kwezindawo ezintsha zokumba ezivulekile kuzodala imisebenzi eyengeziwe engu-186. Le phrojekthi izodala futhi imisebenzi eseceleni ngokuqasha abahlinzeka ngamasevisi. Bazofunwa endaweni uma bekhona.

## 6. UKUSETSHENZISWA KWAMANZI

Ngokwemigomo yeSigaba 21 soMthetho Wamanzi Kazwelonke, uMthetho 36 ka-1998 (NWA), konke ukusetshenziswa kwamanzi okungekona ukusetshenziswa kukaSheduli 1 kumelwe kube nelayisensi ne-DWS.

Ukusetshenziswa kwamanzi okusha okulandelayo kuye kwahlonzwa futhi kwabandakanywa enqubweni yesicelo:

- **21(a): Ukukhipha amanzi emgodini:**
  Amanzi aphuzwayo nasetshenziswa ekhaya azokhishwa emgodini. Ngonyaka kuzhokhishwa angaba ngu-3,300 m³.
- **21(c): Ukuvimbela noma ukujikisa ukuhamba kwamanzi kanye**
- **21(i): Nokushintsha umsele, izindonga, indlela noma isimo sokuhamba kwamanzi:**
  Ukumba lapho kunomsele ohlale ungenamanzi endaweni yokumba evulekile eMgodini 2. Awekho amaxhaphozi noma iziphethu ezihlobene nesistimu yomsele ohlale ungenamanzi, ngakho-ke kungenzeka ukuthi le sistimu ihambisa amanzi ahamba ngaphezulu esuka egqumeni ngenhla.
- **(i): Ukushintsha umsele, izindonga, indlela noma isimo sokuhamba kwamanzi :**
  Ukumba endaweni evunyelwe ngokomthetho (<500m) yexhaphozi.
  Umgodi 1 usebangeni elingaba ngu-170 m ukusuka exhaphozini. Kanti uMgodi 3 uzoba sebangeni elingu-100m ukusuka emthembekeni onomzila ngezansi kwexhaphozi.
  Ochwepheshe abafanele babale futhi bahlongoza isikhala esingu-90m ukusuka exhaphozini.
- **21(g): Ukulahlwa kukadoti ngendlela engaba nomthelela olimazayo emgodini wamanzi:**
  Amadwala azonqwatshelaniswa endaweni yokugcina engenalutho. Azosetshenziswa ekugcwaliseni nasekuvuseleleni leyo ndawo engenalutho uma sekuqediwe.
  Amalahle azonqwatshelaniswa okwesikhashana emgodini ngaphambi kokuba ayiswe endaweni yengqalasizinda enkulu kanye/noma eMayini Yamalahle yase-Chelmsford.
  Amanzi angcolile afika endaweni azoqondiswa emgodini onephampu, lapho ezophinde aphantshwe futhi asetshenziswe ekudambiseni uthuli.
- **21(j): ukususa, ukukhipha noma ukulahla amanzi atholakale ngaphansi komhlaba uma kudingekile ekuqhubekeni ngokuphumelelayo komsebenzi noma ekuphepheni kwamanzi :**
  Ukuqoqwa kwamanzi asemigodini kuzokhishwa ukuze kuvunyelwe ukuqhubeka okuphephile kokumba.

## 7. INQUBO YOKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI

Ukubandakanyeka komphakathi kuyingxenye ebalulekile yenqubo yokufakwa kwesicelo sokusetshenziswa kwamanzi. Kunikeza Abantu Abaneqhaza Nabathintekile (I&APs) ilungelo lokuba baziswe ngemisebenzi ehlongozwayo futhi babandakanyeke ezinqumweni ezingase zibathinte. Kunikeza futhi i-EAP ithuba lokuhlaziya nokuxazulula izinkinga nokukhathazeka okuvezwe ama-I&APs ngaleyo ndlela kuvumela i-EAP ukuba ihlaziye yonke imithelela engenzeka yephrojekthi ehlongozwayo.

Ngokuvumelana ne-GeN 267 ka-March 2017, Izimiso Eziphathelene Nezimfuno Zezinqubo Zezicelo Nezikhalo Zelayisensi Yokusetshenziswa Kwamanzi, an Umbiko woHlelo Oluhlangene Lokuphathwa Kwamanzi Nodoti (Integrated Water and Waste Management Plan (IWWMP)) usuhlanganisiwe ngenjongo yenqubo yeSicelo. Lo mbiko uzokwenziwa utholakale ukuba uhlolwe, kanye noMbiko Weziphathimandla, isikhathi esiyizinsuku ezingamashumi ayisithupha (60).

Umbiko uzotholakala ku-inthanethi ku-www.cabangaenvironmental.co.za kanye naseMtatsheni Wezincwadi Womphakathi wase-Utrecht Public Library nasemahhovisi eMayini Yamalahle yase-Da-ma phakathi komhla ka-3 Ephreli 2019 - 5 Juni 2019. Sicela niqiniseke ukuthi konke ukuphawula okubhaliwe kuthunyelwa mhla ka-5 Juni 2019 noma ngaphambi.

Umhlangano womphakathi, ozokwenziwa njengosuku lukawonk' uwonke, uzokuba mhla ka-10th Ephreli 2019 okuzobe kukhona kuwo amalungu ethimba lephrojekthi azophendula imibuzo/noma ukukhathazeka eningase nibe nako mayelana nephrojekthi.

**Isimemo Sosuku Lukawonk' uwonke:**
Usuku: 10 Ephreli 2019
Isikhathi: 10:00am- 15:00pm
Indawo: Utrecht Town Hall, 55 Voor Street

CABANGA environmental

**Xhumana Nathi:**

Michelle Venter

Ucingo: 011 794 7534

Ifeksi: 011 794 6946

michelle@cabangaenvironmental.co.za

www.cabangaenvironmental.co.za

| IPHEPHAMBUZO LOKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI: DAMA COLLIERY NEW IWULA |
|---|
| **Ukuze urejiste njenge-I&AP, sicela ugcwalise bese ubuyisela kwa-Cabanga nge-imeyili:, ngefeksi noma ngeposi:** |
| michelle@cabangaenvironmental.co.za; Ifeksi: (011) 794 6946 |
| Postnet Suite 470, P/Bag X3, Northriding, 2162 |
| **Noma-ke, sicela urejiste ku-**www.cabangaenvironmental.co.za **chofoza lapho kuthi "Public Participation"** |

| | | | |
|---|---|---|---|
| **Igama:** | | **Isibongo:** | |
| **INo. Yocingo:** | | **INo. Yefeksi:** | |
| **Iposi:** | | | |
| **I-imeyili:** | | | |

| | |
|---|---|
| **Ungathanda ukuba uthintwe kanjani:** | ☐I-imeyili ☐Ifeksi ☐Iposi ☐Ucingo ☐I-SMS |
| **Ingabe uthinteke eduze noma ungumnikazi noma umsebenzisi wendawo encikene nalena?**<br>**Uma kungu-cha, liyini iqhaza lakho kule phrojekthi?**<br>**Uma kungu-yebo, sicela ubonise igama lepulazi / lendawo yakho kanye nemininingwane yokusetshenziswa kwendawo kwamanje.** | ☐Yebo ☐Cha |
| **Kuneqhaza olibambile yini ekuvunyweni noma ekwenqatshweni kwale phrojekthi?** Uma kungu-yebo, sicela uchaze. | ☐Yebo ☐Cha |
| **Ingabe unomuzwa wokuthi imisebenzi ehlongozwayo izoba nomthelela kuwe kanye / noma ezimweni zakho zezenhlalo nezomnotho? Kanjani?** | ☐Yebo ☐Cha |
| **Ingabe ikhona eminye imithelela oyaziyo engakahlonzwa?** | |
| **Ingabe zikhona izindawo ezibucayi ozaziyo okufanele zigwenywe (okungukuthi, amathuna, amagugu esizwe, imvelo esengozini yokushabalala, izici noma izindawo ezikhethekile zezemvelo njll.)** | |
| **Ingabe kukhona okwehlukile okungenziwa ongakuphakamisa?** | |
| **Ingabe bakhona abanye abantu, izinhlangano noma abanye okufanele bathintwe?**<br>**Sicela usinikeze imininingwane yokuxhumana.** | ☐Yebo ☐Cha |
| **Ingabe kukhona okunye ofuna ukukusho, ukukhathazeka noma imibuzo?** | |